

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-10. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu ezimbili.
 3. Bhala izinombolo zemibuzo, wenze isiqiniseko sokuthi zihambisana nalezo ezisephepheni lokuhlolwa.
 4. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
 5. Bhala ngesandla esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle nangobunono.
 6. Phendula ngesiZulu esihle.
-

ISIQEPHU A IKHOHLISANA IHLOMILE – S. S. Mbimbi

Lesi siqephu sinombuzo 1, umbuzo 2, umbuzo 3 nombuzo 4.

- **Phendula yonke imibuzo kulesi siqephu**
- **Qala umbuzo ekhasini elisha**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
 - **Ulimi**
 - **Izigaba**
 - **Ulwazi lwencwadi**
 - **Ukwethula umbono wakho osekkelwe kahle**

UMBUZO 1

1.1 Funda isigatshana esicashunwe endabeni bese uphendula imibuzo ezolandela.

Mchunu:	Sikhuluma ngensavunsavu yemali! Itshe lemali uqobo lwalo!
Nozipho:	Cha, phumelani obala! Imalini?
Mchunu:	Uyazi ukuthi kungani ngingakwazi ukuyisho ukuthi imalini? Ingoba lo msebenzi ubucayi kakhulu futhi ungasithatha izinyanga, unyaka kumbe iminyaka ngaphambi kokuba siwuphothule. Ngakho lokho kukhomba ngokusobala ukuthi akulula ukuqagula ukuthi umsebenzi usuwonke uyoba yimalini. Kuyocaca uma sesinesithombe esiphelele sokuthi sizothola malini, siyicazelane kanjani.
Nozipho:	(<i>Ekipha amehlo</i>) Uma ningeqagule ukuthi kuyoba yimalini ukwenza lo msebenzi kuhle nisho ukuthi umsebenzi lo ngizowuqala ngamalini! Kanginakuzifaka entweni engaka ngingasatholanga nadiphazithi nje. Ngeke bafowethu.
Xulu:	(<i>Ehleka</i>) Ayi, kawukashintshi namanje. Ngangithi usuwaba ngcono!

[Ikhasi 2 – 3]

- | | |
|--|-----|
| 1.1.1 Le ngxoxo yenzeka kuphi? | (1) |
| 1.1.2 Ekabani le mali eyinsavunsavu? Kungani enensavunsavu yemali? | (2) |
| 1.1.3 Wathola malini uNozipho okwaba yimali yediphazithi? | (1) |
| 1.1.4 Caphuna amazwi abonisa ukuthi laba bantu basebenzile ndawonye. | (1) |
| 1.1.5 Yikuphi okwakufanele kwenziwe nguNozipho kulo msebenzi? | (1) |
| 1.1.6 Ngokwakho kungani uMchunu ethi lo msebenzi ubucayi? | (1) |

- 1.2 Funda isigatshana esicashunwe endabeni bese uphendula umbuzo olandelayo. Bhala impendulo eyisigaba esingamagama **angama-80**.

Mchunu: (*Elula isandla ethinta isihlathi sikaNozipho*) Awu, uyazi nje nawe ukuthi **ungungqondongqondo**. Lo msebenzi ufanele wena kuphela Nozipho.

[Ikhasi 1]

Ngokwakho wabonisa kanjani uNozipho ekwenzeni lo msebenzi ukuthi ngempela ungungqondongqondo futhi wawumfanele lo msebenzi?

Sekela impendulo yakho ngokwenzeka endabeni.

Ingqikithi (6)

Ulimi nohlelo (2)

[15]

UMBUZO 2

Funda amazwi acashunwe endabeni bese uphendula umbuzo olandelayo.

Bhala impendulo ezoba ngamagama **ayi-100 kuya kwayi-120**.

Nomusa: ... Okunzima kakhulu ngalo mntwana ukuthi akakhulumi manje.

[ikhasi 60]



Usonhlalakahle, uNomusa uzama ukusiza uZodwa kodwa akafuni ukukhuluma.

Wena unguZodwa. Usonhlalakahle ukucela ukuthi ubhale phansi lokhu okulandelayo:

- okwenzeka ngosuku lokushona kukababa wakho. (4)
- kuyishintshe kanjani impilo yakho ukushona kukababa wakho? (2)
- uzizwa kanjani manje? (1)
- ufisa ukuthi kwenzekeni ngekusasa lakho? (2)
- chaza ukuthi ubengumuntu onjani ubaba wakho. (4)

Ulimi nohlelo. (2)

[15]

UMBUZO 3

Emva kweminyaka eminingi uZodwa uya kobona uMchunu ejele. Qedela **ingxoxo** phakathi kwabo.



Ingxoxo yakho mayibe ngamagama **ayi-100** kuya **kwayi-120**.

Inqikithi (6)

Isakhiwo (2)

Ulimi nohlelo (2)

[10]

UMBUZO 4

Bhala impendulo ezoba ngamagama ayi-180 kuya kwangama-200.



Okwenzeka endabeni yinto ejwayelekile eyenzeka emphakathini njengokuthi:

Abantu abanezikhundla nabaphila impilo ephezulu basebenzisa amandla nezikhundla zabo kabi futhi abahloniphi amalungelo abanye abantu. Okubi kakhulu ngukuthi izenzo zabo ziba nomphumela emindenini, emphakathini nasezweni lonke.

Sekela loku ubhekise kuMchunu noXulu nalokho okwenzeka empilweni.

Landela lolu hlaka:

Isingeniso: Izikhundla zikaMchunu noXulu (2)

Umzimba

Isigaba 1: Ukusebenzisa kabi isikhundla namandla kukaMchunu (4)

Isigaba 2: Ukusebenzisa kabi isikhundla namandla kukaXulu (4)

Isigaba 3: Ukungahloniphi amalungelo abanye endabeni (2)

Isigaba 4: Imiphumela yezenzo zabo (2)

Isiphetho: Izibonelo zakho zokwenzeka empilweni, nasemphakathini, nasesithombeni nemiphumela yakho (3)

Ulimi nohlelo (3)

[20]

Amamaki angama-60

ISIQEPHU B

Lesi siqephu sinombuzo 5 nombuzo 6.

- **Qala umbuzo ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
 - **Isakhiwo esifanele**
 - **Ithoni nerejista okufanele**
 - **Isipelingi esihle**
 - **Ulimi oluhle**
 - **Ingqikithi**
 - **Ikhono lokuziqambela**
 - **Bhala inani lamagama**

UMBUZO 5

Phendula umbuzo 5.1 NOMA umbuzo 5.2.

Bhala amagama angama-120 kuya kwayi-150.

- 5.1 Wena ungumculi odumile, ukhethiwe emncintiswaneni wamaSAMA ukuthola umklomelo we *lifetime achievement*. Ngosuku lomcimbi awuzukwazi ukuya emcimbini. Bhala **umyalezo wokubonga** ofisa ukuthi ufundwe uma sebekunika umklomelo.

Faka ukuthi: ubonga obani, ubabongelani, uphumelele kanjani kwezomculo, umyalezo kubaculi abasha nokunye.

Umculi wethu akaphumelelanga ukuba nathi lapha kodwa ubhale umyalezo ofundeka kanje:



Ingqikithi

(6)

Isakhiwo

(2)

Ulimi nohlelo

(2)

[10]

NOMA

- 5.2 Wena uthenge iCD yomculi othole umklomelo *lifetime award* oku 5.1. Yenza **ikhava yale CD** ubonise okulandelayo:

Igama lomculi, imininingwane yakhe, isihloko seCD, amaculo akhe, iqoshwe nini, kuphi, ngubani, abantu asebenzisane nabo kule CD nokunye.

Ingqikithi (8)

Ulimi nohlelo (2)
[10]

UMBUZO 6

Khetha uphendule umbuzo 6.1 **NOMA** umbuzo 6.2.

Bhala amagama ayi-150 kuya kwangama-200.

- 6.1 Wena ungumdlali odumile, isikole ofunde kuso sikucelile ukuba uzokhuluma nabafundi ngempilo nempumelelo yakho kwezemidlalo. Bhala **inkulumo** ifake okulandelayo:



Landela lolu hlaka:

Isingeniso: (bhala isingeniso sakho) (2)

Umzimba: (11)

- Impilo yakho kwezemidlalo – uqale nini, kuphi, kanjani, abantu abayisibonelo kuwena.
- Impumelelo yakho – wenzani ukuphumelela, imiklomelo oyitholile, abantu abakusizayo.
- Okuhle nokubi ngokuba ngumdlali.
- Ubhekana kanjani nezinselelo (*challenges*).
- Khuthaza abafundi ukuthi bangaphumelela kanjani.

Isiphetho: (bhala isiphetho sakho) (2)

Isakhiwo (6)

Ulimi nohlelo (9)
[30]

NOMA

- 6.2 Umngani wakho uthumelele wena lezi zikhangiso ezimayelana nendawo yokuhlala ngesikhathi *sematric vacation/rage*. Bhalela umngani wakho **i-imeyili** umtshele ukuthi iyiphi indawo ocabanga ukuthi kufanele nihlale kuyona futhi kungani. Sebenzisa ulwazi olunikiwe ngezansi.

01 – 08 DECEMBER 2013 – MATRIC RAGE ACCOMMODATION

UMHLANGA CABANAS

Amakamelo okulalala amabili angalala abantu abangu- 6 Anomabonakude onamashaneli eDSTV Izindlu zokugezela ezimbili uthola amathawula nezingubo zokulala Ikhishi elinefrijji nemicrowave oven Kunendawo: yokupaka ephephile, eyokosa, ucingo lwasendlini, Ngu R14 000 KUPHELA




Southern Comfort Western Horse Ranch



Iyimizuzuzu engu20 ukusuka ePlettenberg Bay, ithulile Ayinabo ubugebengu Inezindawo zokulala ezingama *dormitory* alala 2 – 8 Ikhishi, inendawo yokosa Uthola ukudla nsukuzonke Ongakwenza lapha: ukugibela amahhashi, amaquadbikes, iZorb ball, ukubhukuda edamini, ihiking Ayikho i-Inthanethi Indawo yokuhlala ikhona! Ngu-R200 ngosuku

Ingqikithi

(12)

Isakhiwo

(9)

Ulimi nohlelo

(9)

[30]

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke: 100